# *Isimo Sobuntwana Sokomoya*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibona ekuseni, bangane. Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulokhu ukusa, nokuba nalesi singeniso esivela kumelusi. Lokho bekukuhle kakhulu. O, niyazi, ukukhuluma ngamahhashi, niyazi, ukufaka amatomu kuwo, ayazi ukuthi umsebenzi ubuza. Awu, kuyi, ngiyajabula nje iNkosi isenzela ihhashi lokusebenza, ukuze sizosebenza, okwamanje. Ngakho-ke, asikaze, asikaze sikhathale kakhulu ukwenzela iNkosi okuthile, uma kuwisa unkatho lwethu ukukwenza. Nakuba, ngikhathele kakhulu namuhla. Ngisanda kuba nesikhathi esisabekayo sakho, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule.

2 Ukuya eCalifornia, ngidingeke ngihambe ngenqola yakwaloliwe. Futhi, ngiyanitshela, ukhuluma ngobugudlugudlu! Yonke indlela phandle lapho, amahora angamashumi amahlanu nantathu ukufika lapho, futhi ngafika lapho ngehora lesibili nqo ekuseni. Ngelesihlanu, ngadingeka ngivuke futhi ngihambe ngishumayela enkonzweni yasemsakazweni. Khona-ke, iChristian Business Men, ngangizodingeka ngishumayele futhi embuthanweni wabo wamazwe ngamazwe. Futhi khona-ke ngaleyo ntambama, ngashumayela etabernakele elikhulu elithile lamaBaptisti, futhi khona-ke i . . . ngalobobusuku. Futhi khona-ke ngavele ngaqhubeka, ngikhuluma wonke amahora ambalwa, saze ekugcineni saqeda ngoMsombuluko ebusuku e-Angelus Temple. Ngase-ke ngibamba isitimela ngehora leshumi nanye, futhi kwakungamahora angamshumi ayisithupha nane ukufika ekhaya. Ngakho-ke ningabona nje nani, ngingena, kuthangi, futhi nje . . .

3 Futhi, izolo, umkami ubhalise izingcingo ezingamashumi amahlanu nokuthile, ukuba ngize ngikhulekele abantu. Izolo ekuseni, kuphela, niyabo, izingcingo ezingamashumi amahlanu nokuthile. Isizathu, zonke zazingezona ezendawo. Zazi— zaziyizingcingo zikazwelonke, kodwa nje, "Ubuyo, ubungeza yini eFlorida na? Ubungeza yini *ngapha* na? Lena yiLouisville." Bona . . . Uzokhetha kanjani, kubo abangashumi amahlanu nantathu manje, okwasekuseni nje okukodwa na? Ngakho-ke, ningabona.

4 Ngakho, izolo ntambama, ngiyafika ukuzobona, phakathi abanye babangane bethu abathandekayo, ukuthi nje ukugula kukadeveli kuyini. Insizwa engangivamise ukuyazi eminyakeni eyadlule, yayiyisithombe impela sempilo, insizwa ebukeka ingeyezokusubatha. Futhi manje isicishe ibe seminyakeni yami, futhi ibiyokwedlula amashumi ayisishiyagalolunye. Futhi ilele, iyafa eHenryville. Umngane womfowethu omuhle

lapha, uMfowethu Neville, kwakunguKermit Spurgeon; uyise, umshumayeli weVangeli, nothisha wesikole, futhi indoda enhle enamandla.

5 Ngangena ekhaya ngemuva kokuba uMfowethu Neville esengitshele ukuthi umfana wayefa, futhi sibe nenhlanhla enhle yokumholela eNkosini uJesu, izolo, okokusindiswa komphefumulo wakhe. Futhi umkakhe nami sivumelene ndawonye futhi samkhulekela ngobuqotho, emuva kokuba umdlavuza usumudle wamqeda; esuka kumaphawondi angamakhulu amabili nokuthile, wehlela ku, ngiyam'ngabaza esinda amashumi ayisithupha. Ngakho-ke, siyakholwa futhi sibambelele, ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa. Lokho, asazi ukuthi kuzokwenzekani. Kodwa, into eyodwa esiyaziyo, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Futhi ngiyabona ukuthi ubabayi wakhe omdala oyimpumputhe wacabangani ngenkathi lowo mlayezo ufika kuye, emva kwayo yonke iminyaka yokumkhulekela, futhi emva kwakho konke. "Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo," niyabo. Futhi ngiyazi wayebe nesibonelo esilungile phambi kwakhe.

6 Ngisuka lapho, ngehla ngangena eNew Albany, ngiya kuNkk. Slaughter owayehlala ngaphandle lapha, futhi odokotela babemnikeze kuze kube elesithupha nqo, ukuba aphile. Ngakho-ke, kwakukukhulu, kufikiselana umunyu kakhulu, ekulindeleni. Futhi indawo ehlukile.

7 Umfo osemusha wayevamise ukuba ngumakhelwane wami lapho, ehamba hamba nje, umfana ojwayelekile, esebenzela iBell Telephone Company, cishe iminyaka engamashumi amabili-nokuthize ubudala. Wathola . . . Ubaba wabathathu noma abantwana abane. Intombazanyana yakhe yawa ngelinye ilanga yaphuka ingalo. Uqala ukuba nomuzwa ondikindiki esandleni sakhe; kwamkhubaza. Abazi ngisho ukuthi yini engalungile ngaye. Ulele phandle lapho, futhi nanguya.

8 Into eyodwa nje emva kwenye, nokugula ezandleni zonke. Ngijabula kakhulu ukuthi ikhona indlela yokuphuma. Ngiyajabula kakhulu asidingekile sihlale lapha kuze kube phakade, futhi. Anijabuli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Besiyokwenzenjani ukuba bengifanele ngiphile kulendlu yabaguliswa yizinhlupho kuze kube phakade na? Ngijabula kakhulu ukuthi kunomnyango ovulekile. Futhi yilokho konke umhlaba oyikho, yindlu nje yabaguliswa izinhlungu. Kungu . . . Ngokushesha nje uma ucabanga ukuthi sihamba kahle, khona-ke nakhu kufika okuthile okuhambisanayo, futhi, nokho, nakhu kufika okuthile. Kodwa, ngijabula kakhulu ukuthi ikhona indlela yokuphuma; ngiyajabula kakhulu ukuthi iNkosi uJesu ifikile futhi yasenzela indlela, indlela yokuphunyuka.

9 Ngakho-ke, namhlanje ekuseni, uDadewethu Cox othandeka kakhulu ubengitshela ukuthi omunye ubeza, njengoba sasicela

abantu bendawo ukuthi beze bezokhulekelwa, futhi mhlawumbe akakwazanga ukuhlala kodwa nje imizuzu embalwa. Futhi-ke mhlawumbe ngizobakhulekela ngaphambi kokuba ngibe nenkonzo, futhi, khona-ke, uma bezodingeka babuyele emuva.

10 Futhi ngicabangile, khona-ke, kubo bonke abebefuna ukuhlala, ngizokwenza umlayezo wami uthi ukuba mfushane, kulokhukusa, njengoba ngishe izwi, futhi—futhi ngifanele ngihambe ngokushesha khona manje ngiye komunye umhlangano. Futhi ngakho-ke ngi. . . Futhi umhlangano waseChicago uqala ngoMgqibelo ozayo.

11 Futhi, manje-ke, ngicabanga ukuthi ihora selifikile ukuthi le ngxenye yezwe izofanele imukele ukuvakashelwa okukhulu, ekufikeni komfowethu odumileyo, uBilly Graham, eLouisville, kuleliviki elizayo. Uqala ngesikhathi esifanayo, eLouisville, mina ngiqala eChicago. Ngakho-ke, ngizobuya, ngedlule, ngi—ngifuna ukuhlangana naye, siqu sami, ngenkathi eselapha. Futhi abanye abangane uzongethula kuye. Futhi kade ngisedolobheni elifanayo, phesheya kwezilwandle, nezindawo eziningi ezahlukahlukene, kodwa nje, ngakho-ke, asitholanga ukuhlangana.

12 Futhi ngi—ngicela ngobuqotho lelibandla, naleliqembu labantu ababuthene lapha kulokhu ukusa, ukuthatha lo mhlangano ube phezu kwezinhliziyo zabo, lapho eLouisville.

13 Ngifuna ukusho lokhu, ngendlela nje. Benazi yini ukuthi amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa azo zonke iziphuzo ezidakisayo zivela eLouisville, eKentucky, lokho oku—lokho okuphuzwa e-United States na? Amashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa. Benazi yini ukuthi, cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye awo wonke ugwayi nezinto kuphuma eLouisville, eKentucky na? Benazi yini ukuthi leso yisihlalo sikaSathane. Impela yiso. Impela yiso.

14 Enye yezindawo ezinzima kunazo zonke ekhona ezweni, yilendawo yakhona ngapha, ukuyiphulela iNkosi uJesu Kristu. Bangaki okhale izinyembezi, ezama ukwephula lelidolobha, lama Falls Cities, eNkosini uJesu! Bukani, u-Erickson, bonke labo abaphumile, bekhala ngisho izinyembezi, ukuthi bazame kanjani futhi bazama futhi bazama. UJohn Sproul waze waphelelwa amandla, e-Glory Barn lapho, ezama ngakho konke okusemandleni akhe ukwephula into enzela iNkosi uJesu. Bama kanjani abanye emsamo, edlula kulama Falls Cities, futhi bazama, futhi abakwazanga ukukwephulela iNkosi uJesu.

15 Manje, ngicabanga ukuthi uBilly Graham ungomunye wamadoda aziwa kunawo onke ekhona ezweni namhlanje, enkolweni, ngokombono wami. Isizathu, sinababhishobhi nababhishobhi abakhulu. Kodwa, ngokombono wami, ungumshumayeli weVangeli, indoda kaNkulunkulu. Futhi ngakho-ke—futhi ngakho-ke ngicabanga ukuthi u. . .

Njengamaqhawe angamaKristu, ndawonye, asizibeke thina uqobo nezinhliziyo ndawonye, futhi sikhulekele lowo mhlangano, njengokungakaze kwenzeke ngaphambili. Futhi sicele ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, ngandlela thize noma enye, asinikeze imiphefumulo, futhi sihlakaze isihlalo sikaSathane, ukuthi bavala zonke izindawo zokuphisa utshwala futhi bashise zonke izimboni zikagwayi, futhi bagcwalise amabandla futhi babe nemfashini endala yangempela yokuthululwa kukaMoya oNgcwele. INkosi ayibusise!

16 Manje, nginokuthile okuthe ukwehluka kancane, okungajwayelekile kancane okwesiqalo. Umfowethu unomncane lapha abafuna ukumnikela eNkosini. Futhi ngicabanga ukuthi sizokwenza lokho ngaphambi nje kokukhulekela abagulayo, uma uNkulunkulu evuma. Futhi uma uDadewethu Gertie ezoza opiyaneni. Futhi bonke labo abanezingane ezincane . . .

17 Manje, eBhayibhelini, safundiswa lapha ukuthi . . . Manje, abaningi kakhulu—ningi kakhulu, abantu abaningi kakhulu, babiza ukubabhaphathiza, bafafaze amanzi kubo, bakubize ngokuthi umbhaphathizo "wosana." Awu, manje, lokho kulungile. Ya. Ningayilimazi ingane, futhi ngi—ngineqiniso izoba kahle. Futhi, abanye, banezinye izindlela abakwenza ngayo. Futhi, kodwa, sihlala sithanda, ngokusondele nje njengoba singenza, ukuhlala ngendlela yeBhayibheli yokukwenza. Futhi, indlela yeBhayibheli yokukwenza, ayikho indawo eBhayibhelini lapho abake bakwenza khona, ngezingane. Kwaku . . .

Awu, manje, lapho iTestamente eLidala, babesoka.

18 Angazi noma amalunga athi awabe mabili uma ezogudluzela ezansi udade kancanyana nje eceleni lapha, uma nithanda, size sibe nokunikelwa; udade osohlakeni lapha. Futhi, ngakho-ke, awunankinga, dade othandekayo na? Umzuzwana nje. Futhi thina . . .

19 Futhi ngakho-ke, eTestamenteni eLidala, ba—babesoka ingane. Futhi e . . . Babesoka ingane.

20 Futhi eTestamenteni eLisha, indlela kuphela ababekwenza ngayo, babeletha abancinyane eNkosini uJesu, futhi Yayibaphakamisela ezandleni zaYo, futhi yababusisa. Futhi yathi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, futhi ningabenqabeli, ngokuba uMbuso ungowabanjalo."

21 Manje uma kukhona omunye umama lapha, onengane yabo encane, abathanda ukuyinikela eNkosini, siyokujabula ukukwenza ngalesisikhathi. Futhi manje singa . . . ngokuqaphela.

22 Manje, ngubani igama lomfo omncane na? [Ubaba uthi, "URobert Lynn."—Umhl.] Umfana omncane, Robert Lynn.

Manje, lokho kuhle kakhulu. Manje, lena yi . . . ngiyakholwa u—uzithathele ingane yaba ngeyakho . . . ? . . .

23 Lokhu kukhombisa i—inhliziyo kamama kumntwana. Nokucabanga ngalokhu, bona bengenabo abantwana, nokho bebefuna ukukhulisa oyedwa, bazithathele lona omncane waba ngowabo. Niyaqonda ukuthi sonke singabantwana abathathiwe na? UNkulunkulu wasithanda kakhulu, ukuthi Wasithatha saba ngabakhe ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu. Futhi sonke singabantwana abathathiwe baba ngabakhe. Futhi, khumbulani, njengoba lo baba nomama becabanga ngalona omncinyana obengenalo ikhaya angaya kulo, bamnikeze ikhaya, ukumkhulisa nokumondla. Sasingenakhaya esingaya kulo, futhi uNkulunkulu wasinika elilodwa.

24 Ngumntwana othathiwe waba ngowabo. Igama lakhe ngu Robert Lynn Branham; omuhle kakhulu, ingane encane.

Manje singakhothamisa ikhanda lethu.

25 Baba wethu waseZulwini oligugu, njengasezinsukwini ezedlule, bangaki obaba nomama abaphakamisele abancinyane babo ezandleni zaKho! Futhi Wena wathi, "Vumelani abancinyana beze kiMi, futhi ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo." Futhi lona omncinyane ongenakhaya, unikezwe ikhaya, futhi Ubekile ezinhliziyweni zabo uthando lwalengane.

26 Futhi, Baba, siyakhuleka ukuthi Uzobusisa lo mama nobaba, njengoba bekhulisa ingane. Futhi kwangathi ingakhuliswa ekhaya lomkhuleko, futhi ifundiswe ukuya esontweni, nokuthi iphilele iNkosi uJesu. Ibusise, Baba waseZulwini othandekayo.

27 Futhi, manje, ukube Ubulapha emhlabeni, emzimbeni wangempela njengoba sima namhlanje ekuseni, bayokunika ingane engalweni yaKho. Kodwa Wena waya eZulwini futhi wasigcoba ukuba siqhubeke enkonzweni Uze ubuye. Futhi, Baba, njengoba umfowethu wegazi ebeka ingane ezandleni zami, ngiyinikela kuWe eGameni likaKristu. Busisa lengane futhi kwangathi ingaphila futhi ibe nempilo futhi iqine, futhi ikhule ukuba ibe yinceku yaKho. Busisa ubaba nomama, ekhaya. Siyinika Wena, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

28 Busiswa, Agnes, yiba umama wangempela; nawe Jesse, ubabayi wangempela kulengane. Futhi sengathi uNkulunkulu anganibusisa emizamweni yenu. Futhi uNkulunkulu abe nani.

29 Unjani! Ubani igama lengane na? [Udade uthi, "URobert Darrel."—Umhl.] Omunye uRobert. Awu, lokho kuhle. Robert Darrel.

30 Ungubani igama lakho na? [Udade uthi, "Robertson."—Umhl.] Ungomncane. ["Yebo."] Futhi isibongo sakho na? ["McCloud."] McCloud. [Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham unikela imikhuleko yokunikela izingane.]

Sizophath'inyanda, sizophath'inyanda,
O, sofika sithokoza, sizophath'inyanda.

Tshala ekuseni, tshala ebusuku,
Tshala esikhathini saphakathi nemini namazolo;
Ngokushesha ukuvuna, khona-ke isikhathi sokuvuna,
Sofika sijabula, sizophath'inyanda.

31 Awu, lokho kuhle. Sizophath'inyanda, yilokho obaba nomama abakwenzayo: baletheni eNkosini uJesu.

32 Udade olele ohlakeni, ubukeka engokabi ukwedlula konke, njengoba singabona. Usohlakeni. Futhi besiyo . . . Uma ekhona noma ngubani . . . Ufuna ukulinda nje imizuzu embalwa, ukuzwa uMlayezo, ngaphambi kokukhulekelwa. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuhle kakhulu, kakhulu. Uma ekhona omunye lapha ongeke akwazi ukulinda, futhi ofuna ukuhamba, futhi uma ufuna ukukhulekelwa manje, sizojabula ukukwenza, uma nje uzophakamisa isandla sakho. Uma kungenjalo, sizoba nenkonzo yokuphulukisa ngokushesha ngemuva kwe . . . umlayezo omfishane; ukuzama nje ukuphuma nekilasi lesikole sangeSonto. Kulungile. Khona-ke sizofunda umBhalo futhi sibe noMlayezo futhi, ngokushesha, bese-ke sithatha isikhathi sethu emgqeni womkhuleko.

33 Futhi manje, ngaphambi kokuba siqale, ngifuna nina, nonke eniphilayo namhlanje ekuseni, ukuba nikhumbule labo abagulayo, ngoba sifanele sikhulekelane.

34 Futhi ngajabula kakhulu ngenkathi ngifika eCalifornia ngelinye ilanga, futhi ngingena kulawo matabernakele lapho babezama ukuphushela ngaphandle. Futhi eClifton babemi ngaphezu kwebanga lendlu, phandle lapho emgwaqeni, befuna ukufakaza nje. Futhi bethi, "Mfowethu Branham, ngake ngaba nomdlavuza. Wangikhulekela. Nga—ngangiyimpumputhe. Ngangiyi *lokhu*."

35 Futhi njengokwehla ngomgwaqo, futhi ukuzwa okunjalo! Ngacabanga, "Nkulunkulu, kuyobanjani lapho siwela futhi size kolunye uhlangothi na? Nampaya, bebuthene ngamashumi ezinkulungwane, bemi lapho." Futhi kuyoba yinto emangalisa kanjani ngalesosikhathi! Ngakho, khona-ke, imizamo yethu emincane ekhathazayo ngeke isho okuningi kangako. Manje siyahamba size nje, kubonakala sengathi, asikwazi ukuqhubeka, futhi nje cishe impela siphelelwe ngamandla futhi sikhahlazekile.

36 Futhi khona-ke uSathane uyafika, uthi, "Kusiza ngani na? Nikwenzela ini na?" He!

37 Kodwa khona-ke ucabanga ngezinto ezikanjalo, ziyakushintsha, ngakho konke. Lokho kwenza . . . Kwenza izinto zehluke.

38 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, singakhuleka futhi nje umzuzwana.

39 Baba wethu waseZulwini, kungenhliziyo ethokozayo ukuthi siza kuWe. Impela, Nkosi, Wena wazi konke ukwakheka komuntu. Futhi ukuthi untengentenge nokuthi ungochoboka kanjani, nokuthi ngaphandle kwamandla unjani. Futhi izaba ezinjalo njenge—ngenceku yaKho, umuntu unjalo, kodwa, Nkosi, Wena ngomusa waKho usibizele ukuba sibe yinceku yaKho. Futhi sinokuzwa, kulokhu ukusa, ngokungafaneleki kwethu, futhi sicela ukuthi Uzosemukela, Baba, namhlanje, futhi uzosigcoba ngoMoya oNgcwele, futhi ukhulume kithi amaZwi aduduzayo Owakhulume eZwini laKho eliNgcwele lapha. Futhi siyakhuleka ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha lonke iZwi liye ngqo enhliziyweni, lapho nje elidingeka libe khona, futhi kwangathi lapho lingagxilisa okwehange futhi likhule libe yinjabulo enkulu, izihlahla zensindiso. Siphe khona, Baba.

40 Philisa abagulayo nabadingayo. Siyazi bahlezi lapha. Futhi abaningi uvela kumamayela amaningi, futhi balale emahhotela nezinto, belindele ithuba lokuthi bakhulekelwe. Siyajabula kakhulu ngalenhlanhla enkulu kangaka, Nkosi, ukwazi ukuthi Ulapha ukuzophulukisa abagulayo.

41 Nkulunkulu, omunye wabagula kunabo bonke esazi ngabo, owesilisa nowesifazane oguliswa yisono. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi lolu suku, ukuthi Wena uzo, ngendlela ekhethekile, uzogcoba, namuhla, futhi usindise olahlekile. Wonke owesilisa olahlekile nowesifazane, kwangathi bangeza ngobumnene esiHlalweni sobukhosi somusa futhi basindiswe, ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

42 Manje sengathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo, njengoba singena kuLo. Bengihlale njalo ngiyikholwa elikhulu eZwini. Ngokuba, lapha, nobusuku obumbalwa obedlule, bengikhuluma ndawo ndawo ngaba—baprofethi abenyuka ukuyoprofetha. Kepha, uMikaya . . . emva kokuba abaprofethi abangamakhulu amane sebenikeze udonga olulodwa oluqinile. Nokho, uJehoshafati wathi, “Akasekho omunye na?” Omunye futhi, emva kokuba amakhulu amane eselinikezile iZwi na? Kodwa, uMikaya wahlala neZwi likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakukhona okungalungile.

43 Futhi inqobo nje uma sizwa noma yini ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, siyazi kukhona okungalungile. Akuzwakali nje kahle. UJesu wathi, “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, futhi umfokazi azisoze zamlandela.”

44 Futhi ngiyabonga, ngokukhuleka laphaya, okwemvuselelo ye-Angelus Temple. Ukuhlwa kokuqala lapho . . . Yamumatha

amakhulu angamashumi ayisihlanu nanhlanu kuphela; izinkulungwane ezinhlanu, amakhulu ayisihlanu. Bangenisa izinkulungwane eziyisithupha, umcimi-mlilo wavala iminyango, ehoreni nengxenye ngaphambi kokuba ngifike lapho, e-Angelus Temple. Futhi ukuthi iNkosi yethu uJesu othandekayo wabasindisa kanjani abalahlekile futhi waphulukisa abagulayo! Kwakumangalisa. Futhi ngosuku olulandelayo . . .

45 NoDadewethu omncane uHicks, owayevamise ukuba uthisha kaSonto sikole lapha, ngahlangana naye nabantwana bakhe nomyeni. Futhi ngahlangana noMfowethu Ben Bryant nabo bonke labo abasuka kulelitabernakele, phandle lapho, beya entshonalanga, uku—ukuhlanganyela phandle lapho. Ukuphinda ukuhlangana okuhle kanje okwakuyikho, ukuthola ukubabona bonke futhi!

46 Esahlukweni se 17 sikaMathewu oNgcwele, ngendlela yokufunda nje, kulokhu ukusa. Ngifuna ukufunda ingxenye nje lapha okwendikimba. Futhi kwangathi iNkosi ingasinikeza ingqikithi eZwini.

> . . . *emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu* wayethathe *uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,*
>
> *Waphenduka esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zabamhlophe njengokukhanya.*
>
> *Futhi, bheka, kwabonakala* kuye *oMose no-Eliya bekhuluma naye.*
>
> *Khona uPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba silapha:* unga . . . *ma*sakhe . . . *uma* uvuma, *asikwakhele amadokodo amathathu; elinye libengelakho, . . . elinye libe-ngelikaMose, elinye libengelikaEliya.*
>
> *Esakhuluma, bheka, ifu elikhanyayo labasithibeza: futhi bheka, kwavela izwi efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami, engithokozile ngayo; yizweni.*

47 Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

48 Ngezinye izikhathi uNkulunkulu uhlangana ngezeluleko ezehlukene zomuntu. UNkulunkulu uhlala njalo ethanda ukwelulekana nomuntu. Futhi izikhathi eziningi, eTestamenteni eLidala, singabuyela kanjani emuva ukuthola ukuthi uNkulunkulu wahlangana kanjani nomuntu. Futhi kungakhathalekile ngezinombolo zabo, uNkulunkulu uhlangana nomuntu. Wahlangana namakhulu amahlanu ngesinye isikhathi. Futhi Wahlangana, futhi, namashumi ayisikhombisa. Wahlangana, futhi, nabayishumi nambili. Wahlangana kanye nabathathu. Futhi khona-ke Wahlangana,

futhi, noyedwa nje. Futhi kungakhathalekile ngenani leseluleko, uNkulunkulu uyathanda njalo ukuhlangana nomuntu.

49 Ngakho-ke, nakuba ibandla kulokhu ukusa lingase lingabi likhulu enhlanganweni yebandla noma ngosayizi, njengamahlalabhishobhi amakhulu amaningi namuhla, kodwa uNkulunkulu uzojabula ukuhlangana nathi. Ngokuba, Wathi, "Lapho kubuthene khona ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyakuba phakathi kwabo. Ababili noma abathathu bebuthene ngeGama laMi, Ngizoba phakathi kwalabo ababili noma abathathu."

50 Futhi isithombe esingasibeka lapha namhlanje, ngoMoya oNgcwele, besingathatha amahora ukumba singene kuleyo ndikimba, yebo, bengingayisho amaviki. Futhi Kumbiwe phakathi, iminyaka, futhi, nokho, uhhafu awukaze wembulwe namanje kusuka kulendikimba emangalisayo, futhi mhlawumpe ayisoze.

51 Ngoba, iZwi likaNkulunkulu alifani nezwi lomuntu. Izwi lomuntu linencazelo ethile, noma isisho nesikhathi esanikezwayo, kodwa iZwi likaNkulunkulu linencazelo yaPhakade phansi kwedlule eminyakeni njengoba Ligobhoza. Sonke isizukulwane singacosha iZwi elifanayo, ngoba Lingeliphefumulelwe, eliPhakade, elingunaphakade, ukumemezela okungenakufiphala okuvela kuNkulunkulu. Akunandaba ukuthi Li . . . Uma abaphostoli baLifunda onyakeni wabo, Lalisho okuthile kubo; uma uWesley aLifunda onyakeni wakhe, noLuther onyakeni wakhe, noCalvin onyakeni wakhe. Nokho, namhlanje, Liyabenyezela nje futhi likhanya kakhulu, futhi linomphumela omkhulu njengoba Lenza kubo ngalo impela usuku Elakhulunywa ngalo, ngoba YiZwi likaNkulunkulu.

52 Amazwi ethu, vele uthi, "John, woza ngapha endlini yami, ngizojabula ukukubona." Lelo yizwi lethu, futhi lisho nje ukuthi, "John, woza ngapha endlini yethu."

53 Kodwa uma uNkulunkulu ekhuluma, kuPhakade. Kwaphefumulelwa kusukela kuwo impela umphefumulo ongafiyo, uMdali ongunaphakade qobo lwaKhe. Ngakho, ngakho-ke, akukho-ndlela yokuthi uke uze uthole incazelo ephelele yanoma yisiphi isisho sikaNkulunkulu. Eyawo wonke unyaka, naso sonke isizukulwane.

54 Manje, kuloludaba, e . . . esinakho phambi kwethu kulokhu ukusa, bekunguNkulunkulu ekhuluma kubantu abathathu ngabanye.

55 Manje, *okuthathu*, kuqala, yinombolo ekhethiwe kaNkulunkulu yoku "phelela." UNkulunkulu ukhethe okuthathu, futhi isithathu inombolo kaNkulunkulu yokupheleliswa. *Isikhombisa* inombolo yaKhe yoku "khonza." *Amashumi ayisihlanu* inombolo yaKhe ye "jubili." *Amashumi*

*amane* inombolo yaKhe yoku "lingwa." Futhi isithathu inombolo yaKhe Ayikhetha ukwenyuka, namuhla.

56 Manje, isithathu inombolo yokuphelelisiswa, okungukuthi, ukuthi uNkulunkulu uphelelisiwe; oyedwa, weqiniso, uNkulunkulu oPhakade uphelelisiwe ezimiselweni ezintathu zokubonakaliswa kobuNkulunkulu baKhe: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Akusho ukuthi kunonkulunkulu abathathu abehlukene. Kodwa, kunoNkulunkulu oyedwa omelwe kokuthathu. UNkulunkulu akamthathu. UNkulunkulu uyedwa. Kodwa, ukubonakaliswa okuthathu kobuNkulunkulu baKhe, okusho, izimiselo ezintathu zesikhathi emhlabeni siphelelisa oyedwa, weqiniso futhi uNkulukulu ophilayo.

57 Wabonakala ku-Abrahama esihlahleni esivuthayo, futhi waholela abantwana bakwa-Israyeli, egameni likaNkulunkulu, uYise, owayengukuKhanya okwakulenga phezu kwetabernakele, okwabahola ohambweni lwabo. UNkulunkulu, uBaba. Futhi khona-ke uBaba, ukuze alethe ukubuyisana phakathi kukaNkulunkulu nomuntu . . .

58 Njengoba ngangikhuluma lapha esikhathini esithile esedlule, ngiyakholwa, isikhathi sokugcina engangikhona ngaso etabernakele, ngejuba newundlu. Ukuthi kanjani uNkulunkulu, yedwa, . . . Akekho omunye owayengakwenza. UNkulunkulu kwakufanele eze emhlabeni futhi enze umsebenzi qobo lwaKhe. Futhi ngenkathi esemele iNdodana yaKhe esimweni semvu, esimnene kunazo zonke izidalwa, futhi Wazimela Yena uqobo esimweni sejuba, elimnene kunazo zonke izinyoni ezindiza ezulwini. Futhi isizathu Enza lokhu, ukusikhombisa ukuthi ubumnene kuphela obuyakuhlala nobumnene, ukuzithoba buyakuhlala nokuzithoba. Kuzofanele kuvumelane.

59 Umbazi, noma umakhi wamakhabethe, owaziyo ukuthi kusho ukuthini ukuhlangana okwesisila sejuba, sikubiza kanjalo, ukwenza izisele, noma ukuhlanganisa-thaqa. Ukwenza ibhodi liphelele, ngukuhlanganisa-thaqa. Futhi uma kuhlangana ndawonye, kungena khaxa ngokukuqinisa ndawonye. Ngamanzi phezu kwabo, kuyokukhukhumala kuze kuthi ngisho umoya angeke usakwazi ukucindezela indlela yawo wedlule.

60 Futhi lapho ikholwa noNkulunkulu . . . uNkulunkulu uphelelisiwe kakhulu, ukuthi, ngokusika nokulolongwa kokholwayo, lapho behlangana ndawonye. UPetru wathi, "Phendukani, khona-ke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Niyabo? Kubenza baphelele kakhulu!

61 Khona-ke ngenkathi uNkulunkulu ehlela phansi esimweni sejuba, futhi wakhanyisa phezu kweWundlu futhi wahlala eWundlwini, futhi akazange alishiye iWundlu, ngoba

babemunye. Lokho kwakungokunye kokufika okukhulu kunakho konke izwe elake laba nakho. Asibuke nje lokho okomzuzwana nje, ngaphandle endikimbeni yami, kodwa kanjani ukuthi amazulu nomhlaba kwasingathana. Kanjani ukuthi uNkulunkulu nomuntu babuyisana ndawonye! Kanjani ukuthi ngisho izidalwa ezindiza emazulwini, nezilwane ezizulazula emasimini, zaba munye, ngenkathi umuntu noNkulunkulu wayebuyisane ndawonye, ngoMuntu, iNkosi uJesu Kristu. Into emangalisa kanjena pho!

62 Ukuze uhlale noNkulunkulu, uhlale ngobumnene. UNkulunkulu umnene. Ukuze uhlale noNkulunkulu, hlala ngothando. UNkulunkulu uluthando. Hlala ngokuthoba. Hlala . . . Ungalokothi neze ube ngowenele konke. Thembela kuYe njalo. Ungalokothi usebenzise ingqondo yakho uqobo; thatha imicabango yaKhe. Imicabango yaKhe mayibe yimicabango yakho. Futhi Ifake engqondweni yakho yokwenyama, futhi Iphindaphinde. Futhi uthi, "O Nkulunkulu, susa konke ukungabaza kwami, futhi imicabango yami mayibe yimicabango yaKho." Futhi nina bantu abagulayo, yenzani lokho njengoba sikhuluma. Susa nje, lahla imicabango yokugula. Thatha imicabango kaNkulunkulu yokuphulukisa, maYibe umcabango wakho.

63 "Cabangani ngalezizinto," kwasho iBhayibheli, "uma kukhona noma yikuphi ukudumisa, uma kukhona noma yimaphi amandla."

64 Okuthathu, uNkulunkulu elukhuluma kubo. Manje, isithathu ukuqiniswa. Wathatha, uPetru, ukukholwa; uJakobe, ukwethemba; uJohane, uthando. "Ukukholwa, ithemba, nothando, laba abathathu." Uma ungaba nokukholwa nethemba nothando, useduze noMbuso weZulu, khona-ke; izinto ezintathu ezinkulu. UNkulunkulu wathatha lezo njengokuqiniswa, ngoba, "Ngomlomo wofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe."

65 Khona-ke, futhi, kwakumele ukubekwa kwendodana. ETestamenteni eLidala, uma indodana yayizelwe emndenini, yayinikezwa umfundisi ukumkhulisa nokumnakekela. Uyise wayeyindoda ematasatasa kakhulu, embusweni wakhe. Futhi umbuso ngamunye omncane wawubizwa ngendlu.

66 Yileyondlela, ehumushweni iKing James, uJohane 14, wathi, "Endlini kaBaba waMi kunezindlu eziningi." Manje, akuzwakali kahle hle kithina bantu basentshonalanga abathatha indlu nekhaya ukuthi kwehlukene. Kodwa ezinsukwini zokulotshwa kweBhayibheli, indlu yayisekhaya, ngokuba ikhaya lalisho umbuso.

67 Futhi lo baba wayeneziqashi eziningi epulazini lakhe, yonke indawo, amadazini azo. Futhi lapho indodana isizelwe, wayeba nomuntu okhethiwe, ofundile, othobekile, umuntu

okhethiwe owayengomunye wesifuba sakhe, ingxenye yombuso wakhe, umfundisi. Yilolohlobo kuphela uyise ayengabeka kulo indodana yakhe.

68 Futhi uBaba ulubeke kanjani namhlanje uhlobo olufanele loMfundisi phezu kwamadodana aKhe, wena nami. Okhethiwe, akekho omunye ngaphandle kwayo impela inhliziyo nomphefumulo weNkosi uJesu, ukumphakamisa ekumaziseni uNkulunkulu.

69 Ukuthi wayefanele akhethwe kanjani lo mfundisi! Ufanele abe yindoda ekhaliphile, indoda ekhethiwe, ethanda ubaba, ezofundisa umntwana imigomo elungile kuphela.

70 Nokuthi kanjani uMoya oNgcwele, namhlanje, uma Esefikile, zonke ezinye izinto zibukeka zingezesibili kakhulu lapho uMoya oNgcwele ufika. Abantu bangathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," kodwa ake indoda ezelwe kabusha ngoMoya oNgcwele, kanye, ize ngaphambi kwalokho. Ngokuba, Ufundisa kuphela lokho okungokwangempela. Ukhuluma kuphela okukaBaba.

71 Ngingaqoka ukuba nendoda engabazi o-ABC bayo, ukuba ifundise umntwana wami, enoMoya oNgcwele, kunabo bonke osolwazi emhlabeni ababengenawo uMoya oNgcwele. Ngokuba, Ukhuluma okukaBaba. Niyabo? Futhi uMoya oNgcwele ukhuluma okukaBaba. Futhi khona-ke Uzofundisa umntwana, "Hhayi ukuba ashukunyiswe yiwo wonke umoya wemfundiso," kodwa ukwamukela nokukholwa imigomo uBaba ayibekile.

72 Yingalesosizathu ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuba ngokulula kakhulu, ekholweni langempela, ngoba lifundisiwe, ngoMoya oNgcwele, ukukholwa yizo zonke izinto. Singake silingabaze kanjani iZwi loMdali na?

73 Wake waze wabakhona kanjani umhlaba na? UNkulunkulu wayithathaphi impahla yokwakha ukuwenza ngayo na? Senake nama ukuba nicabange ngalokho na? Wavele wakukhuluma nje. Futhi, emva kwakho konke, yona kanye indalo elapha manje ayilutho ngaphezu kweZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Cabanga ngakho. Izihlahla ezikhulayo, ziyiZwi likaNkulunkulu. Izintaba ezifinyelela esibhakabhakeni, futhi ezisibangela ukuba, uma sifisa ukubona ubuhle, sibheke phezulu entabeni. Futhi lapho uqhubeka wenyuka intaba, kulapho kuya ngokuba msulwa futhi kuhlanzeke.

74 Ngimile ngaleya ezinguzungeni zeqhwa ezehla ezintabeni emasimini asenyakatho yeBritish Columbia! Njengoba nibuka lapha, exhaphozini; ngaphezudlwana, amanzi ageleza ahlanzeke kakhudlwana, aya ngokuba luhlaza sibhakabhaka kakhudlwana futhi ahlanzeke kakhudlwana, izihlahla ziyafiphala. Yonke imvelo ibonakala ithi, "Bheka phezulu." Futhi endleleni ngaleya esiqongweni sezinguzunga zeqhwa ezehla entabeni ezinguayisi ezibenyezela kakhulu zize ngisho zikhanye njengelanga,

ubheka phezulu. Uma ufuna ukubona okuphilisayo nezinto zangokoqobo, nezinto ezimsulwa, njalo bheka phezulu. Intaba iyakukhomba. UDavide wathi, "Ngizobuka emagqumeni lapho usizo lwami luvela khona. Usizo lwami luvela eNkosini."

75 Umfundisi uhlale ekhomba umntwana kubaba, futhi ufanele abe nokukholwa ubaba. Futhi, khona-ke, umfundisi wayengumqeqeshi.

76 Namhlanje ekuseni, njengoba kade ngibuka umata wami omncane othandekayo, futhi ngibone indodana yami encane, ngenkathi iphonsa intukuthelo yayo encane etafuleni, nesitsha sayo esincane esinamaqanda ayo nezinto, umama asebenze ngokwethembeka ukulungisa isidlo sayo sasekuseni. Futhi ubezama ukuyifundisa ukudla ngesipuni sayo. Futhi ibifuna ukudla ngesandla okungesiso.

77 Awu, kimi, ngithe, "Myeke abe nalesosandla." Kodwa umama ubazi okwehlukile. Wayazi, uma emvumela aqhubeke ngaleyondlela, kuphakathi kokuthi uzoba ngosebenzisa izandla zombili noma uzoba yinxele, futhi lokho akwejwayelekile. Ngakho, njengomqeqeshi wangempela, umenze wasishintsha isandla, nakuba ubengakuthandi. Kodwa, umama ubazi ukuthi yini okuhle ukwedlula konke.

78 Futhi isikhathi esiningi, umqeqeshi wethu, uMoya oNgcwele; sizama ukukwenza ngendlela engafanele. Kodwa, ngezinye izikhathi kuyasilimaza. Ngezinye izikhathi singahle silale embhedeni wokuhlupheka. Ngezinye izikhathi udokotela angahle athi onke amathemba aphelile. Kodwa, nguMoya oNgcwele osifundisa ukusebenzisa isandla sokudla. Uyazi ukuthi yini enhle ukukwedlula konke. Uyazi ukuthi uBaba ufuna kwenziwe kanjani. Ungumqeqeshi. Futhi ngacabanga . . .

79 UJoseph omncane, ubengeke asisebenzise isandla, ngakho-ke umama uyafinyelela futhi uthola induku yakhe eyichoboka, cishe ende kangaka, futhi wamqhwabaza ngayo ohlangothini. Ubuke ngakimi. Kodwa, nokho, ngiyamthanda ngayo yonke inhliziyo yami, bengingamfela ngesihle, kodwa bengazi ukuthi umama wazi okuhle ukwedlula konke. Ngathi, "Uqeqesha umntwana."

80 Asikwazi ukufuna uzwelo, futhi sizwelane nakho, kakhulu kakhulu. Sifanele silalele ukuqeqeshwa komntwana kukaBaba wethu. Yena uyazi ukuthi yini okuhle ukwedlula konke. Ngezinye izikhathi sithi, lapho iVangeli selishunyayeliwe, "O, ngizovele ngiye ebandleni lami, aba . . . Ya, ngizovele ngiKukholwe nje *ngale*ndlela." Niyabo? Kodwa, khumbulani, uMoya oNgcwele wazi okuhle ukwedlula konke. Uyazi ukuthi uqeqeshe wena kanjani. Ngezinye izikhathi uqhwabaza ngenduku, ukuqondise. [UMfowethu Branham ungqongqothe epulpiti kasikhombisa—Umhl.] Ufanele ukhumbule, uNkulunkulu waMmenza u—umqeqeshi womntwana weBandla.

Futhi Uyamthanda uBaba, futhi Uyohlala njalo ekhomba kuBaba.

81 Futhi, manje, ngenkathi umntwana wayeqeqeshwa, lokho kwakungasho ukuthi umntwana . . . Umntwana ngempela ungumntwana kababa. Kodwa uma wayengumntwana ongalaleli, umqeqeshi uzohlala njalo enenkinga ngaye. Njalo, wayephuma angene, phansi naphezulu. Awu, khona-ke, lo mlayezo uzofanele ulethwe kubaba, lapho ubaba wayewufunile. "Uqhubeka kanjani umntwana wami na?"

82 Khona-ke uyodingeka athi, "Akenzi kahle kakhulu." Awu, khona-ke, kusobala, lokho kwayidabukisa inhliziyo kababa.

83 Futhi kuyakwenza namhlanje, uma uMoya oNgcwele uzofanele ulethe irekhodi lethu phambi kukaNkulunkulu. Lapho siba ngabantwana bakaNkulunkulu, besifanele ukuhamba ngokufanelekile ubizo lwethu. Sifanele sihambe ngokufanelekile kuyo yonke into uNkulunkulu asibekele yona phansi ukuba siyenze. Ngokuba uMoya oNgcwele uyasiqeqesha, ukuqeqeshwa komntwana. Sewake . . .

84 Lapho ngisengumfana, ubabayi wami wayehlukile kulokho abanye obaba besimanje abayikho namhlanje. Ubabayi wami wayekholelwa ekunikezeni ukubhaxabula, futhi wayekunika ngempela. Siyakukhumbula. Futhi mina, nokho, namhlanje, kweminyaka engamashumi amane nesikhombisa, ngiyayikhumbula. Kodwa kungenzele okuhle. Kungiqeqeshile. Uma bengingaya ethuneni namuhla futhi ngimvuse, into yokuqala ebengingayenza bekungaba ukumxhawula futhi ngimgone ngalokho akwenzile.

85 Uma ngizwa ngaleyondlela ngobaba wami wasemhlabeni, kuyobanjani ngalolosuku lapho sima eBukhoneni baKhe na? Lapho, sibona izinto zenzeka kithi ukuba zisisize, ukuthi Wayefanele asinqume kancanyana lapha, futhi asiqeqeshise okomntwana, futhi asuse izinto zezwe, nokusivumela sihambe njengabantwana abazithobile phambi kwaKhe. Kungabonakala kunzima ekuqaleni, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi yini Ayenzayo. Impela. Uyazi ukuthi yini Ayenzayo. Futhi Yena, khona-ke, njengoba uMoya oNgcwele uqala ukuletha iZwi . . .

86 Khona-ke, uma umntwana ubengalaleli lapho sekuza ekuvuthweni, unyaka wokuvuthwa, khona-ke . . . Umntwana uhlala njalo eyindodana, impela, kodwa ulahlekelwa okuthile.

87 Futhi nanti iphuzu engifuna ukuliphoqelela. Kwangathi uMoya oNgcwele ungalithatha uliyise kuyo yonke izinhliziyo yenu makholwa. Ngenxa yokuthi nje niyikholwa, impela ninokuPhila okuphakade; uNkulunkulu washo njalo. Kodwa beningafuna yini ukungena nje, njengoba uJobe athi, "Ngesikhumba samazinyo akho"? Beningafuna yini nje ukuza phambi kukaBaba, nethalente Aninike lona nonke, njengokuba budedengu, anilisebenzisanga nje, noma nivumele enye into

ime endleleni yenu na? Nivumele izinto ezincanyanyana ezincane ezingasho lutho kini, emva kwakho konke, ukuqophisana okuncane, nokukhathazeka, nokuphikisana, nemehluko yebandla, nisuse ubumnene nobubele empilweni yenu. Beniyothanda ukuma phambi kukaBaba kanjalo na? Angikholwa ukuthi beniyothanda. Angikholwa ukuthi beniyokwenza. Kanjalo nami bengingeke.

88 Ngifuna kanjani ukuthi Athi, "Kwenziwa kahle." Hhayi ngesikhumba samazinyo ami; kodwa, "Kwenziwe kahle, nceku yaMi enhle nethembekile. Ngena ezintokozweni zeNkosi, ngokuba wenze kahle ngalokho ofanele ukwenze."

89 Mhlawumbe ungumama wasekhaya. Uma unguye, uNkulunkulu ukwenze uthisha wabantwana bakho. Yenza umsebenzi omuhle ngakho. Kungakhathaleki ukuthi yini ozofanele uyenze, kwenze kahle.

90 Qaphelani, khona-ke, uma umntwana efakazisile ukuthi uzifanele ngempela lezozinto ubaba anazo embusweni wakhe, futhi ube ngumntwana othembekile ngempela, khona-ke umfundisi uletha umyalezo kubaba, "O, indodana yakho . . . "

91 O, manje, lowo ngumyalezo engifuna Yena awulethele wena nami. "O, indodana yaKho, yonke imicabango yayo ikuWe. Konke ezama ukukwenza ukujabulisa Wena. Inentshisekelo enkulu odabeni lwaKho, kuze kube nzima ukuyicindezela phansi."

92 Ngingamane nje ngibe ngoshisekele ngokwedlulele kancane mayelana noMbuso kaBaba kunokungabi nayo intshisekelo nhlobo, ngaWo. Ngingamane ngisebenze ngokweqile. Futhi njengoba umshumayeli wechurch of Christ angitshela, esikhathini esedlule, "Mnu. Branham, ngingamane—ngingamane ngikhandleke kunokugqwala." Futhi lokho yinqwaba yeqiniso. Ngingamane ngikhandleke, "futhi ngifele emahhanisi," njengoba uMfowethu Neville asho, kunokuba ngenqabe ukufaka amahhanisi. Angeke wenze lutho embi ukwedlula ukudebesela ukuzama. Masenze konke esingakwenza ngalokho omele ukwenze ngakho. Futhi uMoya oNgcwele, uMfundisi wethu, uzokuletha kuBaba.

93 Futhi manje, qaphelani, uma umntwana eba ngumntwana oyiqhawe, khona-ke kwakushiwo kubaba. Futhi e. . . O, ngiyalithanda nje iZwi! Esikhathini esimisiweyo, esihlelwe ngubaba yedwa, umntwana waye . . . inkazimulo yakhe nodumo kwakubonakaliswa ngaphambi komphakathi. Uyise wayethatha umntwana wakhe uqobo, ngaphansi komkhosi, futhi amthathe amyise ezindaweni zomphakathi. Ngemuva kokwakhe . . . Lokhu eyindodana yakhe uqobo, ezalelwe endlini yakhe uqobo, nokho, indodana yayibekwa ngokwendawo efanele emndenini, ukudla ifa zonke izinto uyise ayenazo. Niyakubona na?

94 Manje, uma siziphatha kahle, ngolunye usuku olukhazimulayo sizoba yindlalifa kuzo zonke izinto. UNkulunkulu, ngosuku lwaKhe olumisiweyo, ukuthi Uyokwahlulela bonke abantu ngoKristu uJesu. Isikhathi sizofika lapho uNkulunkulu ezokhipha imivuzo kulabo ababethembekile, nokunqatshwa kwalabo abehluleka ukwethembeka.

95 Ngaphambi nje kokuhamba kweNkosi uJesu. . .lokhu uNkulunkulu ekuYe; iJuba lihola iWundlu. "Akafikelanga ukwenza okwaKhe uqobo, kodwa ukwenza intando kaBaba oMthumileyo." Waholwa nguMoya, ukuthatha uPetru, uJakobe noJohane, ukuya kulentaba ephakeme ende kakhulu. Ngiyakuthanda!

96 Futhi, elinye iphuzu, uma nizongixolela ngokuthatha isikhathi esiningi kangaka, kodwa ngifisa ukubeka phambi kwalezizethameli kulokhu ukusa, ukuthi lokhu kunenye incazelo kukho. Emuva kokushiya intaba nokwehla, umbuzo wabuzwa, "Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ingubani na? Ingubani na? Abantu bathini ngaMi na? Njengoba Nginani, futhi Ngibonakalisiwe kini, manje bathini abantu ngaMi iNdodana yomuntu na?"

97 Kuqhapheleni. Isithombe esihle kanje pho sanamuhla! Emuva kokuba sewemukele uKristu, emuva kokuba sewugcwaliswe ngoMoya, abantu bathini ngani-ke na? Abantu bathini, ukuthi uma bebona amadlingozi akho eshukunyiswa kakhulu uze ungabe usakwazi ukuthula, izinyembezi zenjabulo ziyogeleza zehle ngezihlathi zakho, lapho ungeke ukwazi ukugcina izandla zakho ziphansi lapho becula amaculo aseZiyoni; lapho ungeke wathula, lapho ubona isono futhi ufanele ukhulume ngoxolo nangokuthula kubo na? Abantu bathini ngakho na? Abantu bathini, ukuthi lapho ulele, ufa, ungowokuhawukelwa, ulusizi, usesimweni sokufa, futhi ucela omunye umntwana kaNkulunkulu ukuthi ahlanganyele nawe ekukhulekeleni ukuphulukiswa kwakho; futhi uvuma amaphutha akho bese ubeka into phambi kukaBaba, uthi, "Baba, ngithethelele, futhi manje ngemukela uKristu njengomphulukisi wami," futhi uyaphiliswa na?

"Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu Ingubani na?"

98 Ngibuka kwizethameli zabantu, futhi abanye benu ngiyanazi; ngokulusizi, eminyakeni eyedlule, nibulawa ngumdlavuza, isigaba sokugcina. Abanye benu kuzo zonke izinhlobo zokuma, izimo, ubumpumputhe. Futhi uNkulunkulu, ngomusa waKhe, wakuphulukisa. Futhi njengoba unikeza ubufakazi bakho obuwubuqhawe ebusweni babantu . . .

"Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu . . . "?

99 Batheni ngakho na? Sesishintshwe kanjani isithombe kusukela ngalolosuku, kwedlule, kumnyama njengoba

kwakunjalo! Abanye bathi, "Ukushisekela ngokweqile." Abanye babeMbiza ngo "Belzabule." Abanye uthi, "Kungukufunda umqondo." Abanye uthi, "Ukuxhuxhuma." Abanye uthi, "Ukushisekela ngokweqile." Abanye uthi, "Ngamadlingozi."

100 "Kodwa nina nithini ngakho na? Nithini ngalento na?"

101 UPetru onamawala uvame ukusho into abengafanele ayisho, kodwa ngalesisikhathi akakwenzanga. Wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Anginandaba ukuthi bonke abanye bathini. Yilokho engikwaziyo. Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

102 Lalelani. Singachitha isikhathi esiningi lapho. Kodwa asiqhubeke. UJesu wathi, "Ubusisiwe . . . " Nakuba abantu bengathuka, nakuba abantu bengahlekisa. Abantu bangathi ungumginqiki ongcwele. Abantu bangakubiza nganoma yiliphi igama phansi kwelanga. Kodwa Wathi, "Ubusisiwe, Simoni kaJona. Uyihlo . . . "

103 Nakhu manje. Usukulungele na? "Ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ukufunde lokhu ngalelikholiji lemfundiso ethile engenakuphikiswa. Kanjalo awukufundanga ngokumemezela okuthile ngesayense yezenkolo yomuntu othile. Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwembulile lokhu kuwe." Niyabona ukuthi kuvelaphi na? NgoMfundisi, uMoya oNgcwele, ukwembulile ngesambulo.

104 "Futhi ngithi kuwe, wena unguPetru, idwala elincane. NgiyiDwala elikhulu. NgiyiTshe legumbi, kodwa wena uyidwala elincane elibekwe phezu kwaMi. ABakhi bakukhetha. Awuzange uzikhethe ngesingawe. ABakhi bakukhetha. IziNgelosi zikaNkulunkulu, ngobunye ubusuku, usebenza enkwalini, zakubiza ukuba uphume, futhi wazinikela kiMi. Futhi ngikusike ekubumbeni kwaMi uqobo. Ngikwenze waba yindlela engangifuna ube yiyo. Ngenze ukusaha; uvele wama wathula nje. Futhi ngikubekile manje njengetshe elincane, ukuze ulingane nelinye itshe, ukuba uhole lelotshe; futhi *leli*tshe lihola *lelo*tshe, *lelo*tshe. Futhi usimende wothando unihlanganisa ndawonye, wenza isiSekelo, eNgiyiso, ukuba nilinganiswe ndawonye nalo lonke itshe elifundisa iGama laMi futhi lemukele lesi sambulo."

105 "Futhi phezu kwalelidwala, isambulo sikaNkulunkulu, elizoma lithule futhi lisikwe, (itshe, ngesambulo), Ngizokwakha iBandla laMi, futhi onke amasango ehayidese angeLahlule." Kubonisa ukuthi, impela, onke amasango ehayidese ayomelana nalo, kepha awasoze alehlule.

106 Futhi mangithathe lomzuzwana ukusho lokhu, mngane wami, ukuthi, iBandla lonke likaNkulunkulu ophilayo lakhelwe ngesizotha phezu kwesambulo sokomoya seNkosi uJesu Kristu. Akukhathaleki ukuthi ufunde kangakanani, ukuthi ungahle uhlakaniphe kangakanani, ukuthi ungacabanga kahle kanjani

ukuthi uyalazi iBhayibheli, uSathane uyaLazi kangcono kakhulu kunawe. Kodwa kuphela ngesambulo, uNkulunkulu ngoMoya oNgcwele, uMfundisi wakho, wembula kuwe, ukuthi Uyakusindisa ngomusa waKhe.

107 Uma Ezokwembula kuwe kulokhu ukusa, ngesambulo, ukuthi lokhu ngukuphela kokuhlupheka kwakho, lokhu ukuphela kokugula kwakho, [Mfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kahlanu—Umhl.] bonke odeveli abavela ekuhlushweni abasoze bazamazamisa leso sisekelo, yize bonke odokotela bethi akulungile. "Ngokuba phezu kwalelidwala Ngizolakha iBandla laMi, futhi amasango ehayidese angeLahlule."

108 Nakuba kuyomelana nalo, nokho angeke alahlule. "Ngokuba uma isitha siza njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uyophakamisa ibhanela limelane nawo," ngaso sonke isikhathi. Niyakubona na? Niyakuthola na? Manje, uJesu, embulwa kubafundi.

109 Bukani ensimini yase-Edene, ngenkathi uKayini elethe umnikelo ekukhonzeni, ngokufanayo njengoba u-Abela enza. Wakhonza. Wakhokha ebandleni. Wanikela. Wenze sonke isenzo sezenkolo, sakhanya kakhudlwana, kangcono, salingana kakhulu, kunalokho u-Abela akwenza. Wakha i-altare elingcono. Walenza laba lihle kakhudlwana. Wabeka ubukhazikhazi ekukhonzeni kwakhe. Uyalubona lolohlobo lusasebenza phakathi kwamadodana ka-Adamu na? Wabeka ubukhazikhazi kulo, ngezithelo zensimu, nomnduze omkhulu. Futhi yena, hhayi lokho kuphela, kodwa wakhonza. "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu." Kodwa, lokho akwenza, wakhonza ngolwazi. Akakhonzanga ngesambulo.

110 Futhi kungenzeka. Kutholeni manje. Lalelani. Ungakhonza ngolwazi. Ungaya esontweni, ngolwazi lokuthi ufanele ukwenze. Kodwa ukuya esontweni, ngaleyondlela, ngukukhonza ngeze. Kodwa uma kunokuthile okwenzeka phansi enhliziyweni yakho, okukwenza uthande uNkulunkulu, ngendlela yokuthi angeke ungayi esontweni, leso yisambulo, UNkulunkulu embula.

111 Babengenalo iBhayibheli ngaleyonkathi. Babengenalo ngisho iphepha noma i-sleti ukusebenza ngakho. Babengenazo izikole zemfundo. Ngakho, u-Abela, ngesambulo, kwembulwa kuye nguNkulunkulu, ukuthi, "Kwakungebona ubuhle, kanjalo kwakungesizo izithelo zensimu, noma ama-apula, okwakubaxoshile ensimini yase-Edene, kodwa kwakuyigazi." Futhi kwembulwa kuye, futhi wahamba futhi wathola iwundlu. Ngesambulo, wabona ngaphambili Ukufika kweWundlu eliLungile. Futhi kwembulwa kuye, ngakho-ke wathola iwundlu. Futhi ngesambulo, walinikela kuNkulunkulu, futhi lemukelwa. IBandla lonke lakhiwe phezu kwesambulo sokomoya. Kuhle kanjani!

112 Manje, ukufinyelela ekuvaleni. Babesentabeni. Futhi emuva kokuba uJesu wayekade enguMntwana olalelayo; inyama, iWundlu, laliholwe nguMoya oNgcwele, uNkulunkulu ehamba kuYe. "Angizeli ukwenza intando yaMi, kodwa intando yaLowo oNgithumileyo. Futhi Lowo oNgithumile, uBaba lowo oNgithumile, ukanye naMi. Futhi njengoba uBaba eNgithumile, futhi wahamba kanye naMi, kanjalo naMi ngiyanithuma." Hhayi ukuthi Wathumela kuphela, kodwa Wahamba kanye naYe.

113 Futhi uNkulunkulu akamfundisi nje umuntu bese emthumela ngaphandle nesimemezelo sesipiliyoni esithile sasekholiji. Kodwa, uma ehlonyisiwe, uNkulunkulu uhamba kanye naye. "Ngiyakuba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni konyaka."

114 Qaphelani, kahle, o, lihamba kanjani kanjalo iZwi ndawonye! UMoya oNgcwele uLinamathisela kanjani lingene enhliziyweni yabantu, ngesambulo nothando lweNkosi uJesu. Bhekisisani.

115 Lapho, emva kokulalela, "ngomlomo wofakazi ababili noma abathathu," ofakazi abahle ukubedlula bonke owama emhlabeni. Uthando . . . UPetru, uJakobe, noJohane; ithemba, ukukholwa, uthando. Ngaphansi kofakazi bethemba, ngaphansi kofakazi bokukholwa, ngaphansi kukafakazi wothando; uNkulunkulu wabeka iNdodana yaKhe, ngokwendawo, emphakathini, kwazo zonke izibonakaliso ezintathu ezinkulu (ithemba, ukukholwa nothando) ukuthi izwe liyoke likwazi.

116 Futhi, lapho, njengoba ubaba ezinsukwini zakudala wakhipha indodana yakhe futhi wayembathisa ingubo, futhi waba nomgubho, futhi emuva kwalokho igama lendodana lalilihle njengoba elikababa linjalo. Indodana yayiyindlalifa yazo zonke izinto.

117 Futhi uNkulunkulu wayethathe uKristu entabeni yokuguqulwa isimo, kufakazi wethemba, ukukholwa, nothando, futhi waMsibekela ngeFu. Futhi iBhayibheli lathi, "Izingubo zakhe zakhanya njengelanga. Futhi iPhimbo elivela eZulwini, lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo.'"

118 Manje, uPetru wayejabule ngokweqile, njengokujwayelekile. Wayeyindoda eshisekelayo kakhulu. Futhi ngifisa sengathi ngabe sonke besishisekela; izikhathi eziningi ungakhuluma izinto ezinhle emisebenzini yenu yokushisekela. Kodwa uPetru wathola konke ukukhuthazela lapho ebona ngempela okwakwenzekile. UNkulunkulu wayezomvumela abe nobufakazi isikhashana nje, emva kokuba babehlile. Kodwa ngenkathi esebone, emi . . . Babebathathu lapha: ithemba, ukukholwa, nothando. Futhi kwakumi abathathu ngaleya entabeni: uPetru, uJakobe, noJohane, *lapha*. UMose, u-Eliya, noKristu, bemi *lapho*, ekuqiniseni kwalaba abathathu lapha.

Manje, babuka. Nakho kwakumi uMose, owokuqala; olandelayo kwakumi u-Eliya, umprofethi.

119 Futhi abanye abantu bayasibuza, "Sizokwazana yini uma sesifika lapho na?" Ngenkathi, u-Eliya noMose base behambile, amakhulu amaningi eminyaka. Akusikho kuphela ukuthi siyokwazana, siyobazi esingakaze sibabone. UPetru, uJakobe noJohane, babengakaze bambone uMose, futhi nokho babaqonda ngokuphazima kweso, ngenkathi babemi ngaphansi kweSithunzi sikaSomandla. Kuyoba njani uma sesimi Lapho na? Ngiyomazi uSankey lapho ngimbona. Ngiyolazi iphimbo lakhe, nakuba ngingakaze ngimuzwe. Ngiyomazi uWesley. Ngiyomazi uMoody, uCalvin, uKnox. Siyobazi bonke uma sifika lapho. Sizoba nesibonakalo esehlukile kunalokho esiyikho manje. Siyoba kokwesikhashana . . . noma—noma, esimweni esikhazimulisiwe. UPetru, uJakobe noJohane babenjalo. Ngakho-ke, kulokho kufanekisela ngaphambili, uma beyobaqonda abantu, ngaphandle kwesici esisodwa, ukuthi abakaze babone noma babone isithombe sabo, esasesihambe amakhulu eminyaka; kodwa, ekufanekiseleni ngaphambili, abengabona, ngesikhathi esiwumzuzu, ngaphandle kokungabaza; kuyobanjani lapho sesikhazimulisiwe, simi eBukhoneni baKhe na? Siyokwazana na? Impela. Siyokwazi wonke umuntu. Ukungabinasiphelo okuncanyana kuyohlala phezu kwethu, njengoba uNkulunkulu engongenasiphelo.

Qaphelani. Ngifanele ngivale. Ngenkathi bebuka, noPetru . . .

120 Njengomfundi wangempela okahle wasekholiji ubengathi, "Niyazi, ngiyakholwa onke amabandla aqinisile. Uma uyibandla lomthetho enkolelweni yakho, akunandaba, ngakho-ke sizoba nabakaMohamede nje noBuda, futhi sizoba nabo bonke ndawonye."

121 UPetru wathi, "Kuhle ukuba silapha, futhi manje asakhe amatabernakele amathathu. Sizokwakhela uMose ikholiji lapha. Sizokwakhela u-Eliya ikholiji. Futhi bonke abafuna ukukhonza ngaphansi komthetho, nokunye nokunye, mabakhonze." Futhi manje siyaqaphela. Babheka, futhi uPetru nabo, bebuka uMose. UMose wayemele umthetho.

122 UNkulunkulu wanikeza abantwana bakwa-Israyeli umthetho ngoba babefuna umthetho. UNkulunkulu wayengafuni babe nawo. Lokho ngukukhetha komuntu. Ku-Eksodusi 19, bathi, "Sinikeze into ethile ukuba siyenze, efanele ukusindiswa kwethu. Sizogcina umthetho, uma Uzosinika wona," ngamanye amazwi. Kodwa, kwakungesilo neze icebo likaNkulunkulu.

123 Kungcono nje ukuyeka ukuhlela, ngokwakho, futhi nje usebenzise icebo laKhe. Ngithola lokho kulula kakhulu lokho, ukuthatha icebo laKhe.

124 Nakho kwakumi uMose, umthetho. UPetru wathi, "Awu, abanye bethu bagcina umthetho." Manje, ayikho inyama elungisiswa ngomthetho.

125 Ngakho-ke, okulandelayo, emva komthetho kaNkulunkulu usume lapho; olandelayo, owayemile, kwakungu-Eliya. Bafika kanjalo, ngokohlelo lokubala. Olandelayo, owayemile, kwakungu-Eliya, oza emva kukaMose. Futhi u-Eliya wayemele ubulungiswa bukaNkulunkulu, abaprofethi. Futhi u-Eliya wamelela ubulungiswa baKhe, kwaze kwathi u-Eliya wakhipha umlilo ezulwini, futhi wabulala abangamashumi ayisihlanu. Futhi wayemele ubulungiswa bukaNkulunkulu.

Ngakho-ke, uPetru wayefuna umthetho kaNkulunkulu nobulungiswa bukaNkulunkulu.

126 Akekho umuntu ongasindiswa ngomthetho. Futhi uma wehluleka, ukweqa umthetho, yinye kuphela into esele, futhi lokho ngukufa. Lobo ubulungiswa bukaNkulunkulu. UNkulunkulu—uNkulunkulu uphoqelela lokho. Umthetho waKhe wokulunga umele u . . . ube nobulungiswa.

127 Ngakho, khona-ke, ngenkathi uPetru esakhuluma, efuna ukwakha itabernakele lakhe, futhi wabuza uNkulunkulu ukuthi wayengakwenza yini, khona-ke babheka emuva futhi babona uJesu kuphela.

128 Umthetho wawehlulekile. Makuthi thina, kulokhu ukusa, siphose amehlo ethu asuke ekulungeni kokuzenzisa, noma okuthile esikwenzile. Anginxuseli umthetho. Angeke ngahlulelwe ngomthetho, ngoba anginamthetho. Akekho umuntu owagcina umthetho. Abakwazanga ukugcina umthetho.

129 Futhi kanjalo nawe awukwazi ukuzisindisa. Kanjalo nawe awukwazi ukuziphilisa. Futhi uma umthetho, ngentando yakho eyenziwe ngumuntu, ubufuna ukuveza lokho ecebweni, khona-ke kunento eyodwa kuphela edingwa umthetho, uma wehluleka, lobo ubulungiswa. Futhi, ubulungiswa, kungukuba ulahlwe futhi ufe ingunaphakade. Budinga ukushabalaliswa okuphelele. Ngoba, owephula iphuzu elilodwa lomthetho unecala lawo wonke umthetho. Ngakho-ke, ufanele ufe, kodwa uNkulunkulu . . . njengoba sibuka emthethweni kaNkulunkulu, futhi sibuka ebulungisweni bukaNkulunkulu.

130 Asiphose amehlo ethu kwenye indlela. Bukani *ngapha*. Nakho kwakumi uJesu, umele uthando lukaNkulunkulu. Hhayi umthetho, hhayi ubulungiswa, kepha kuYe kwahlangatshezwana nokugcwaliseka kwakho kokubili umthetho nobulungiswa. "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo." Ayisekho into eyenziwe ngumuntu. Lalela umfundisi wakho.

Yingalesosizathu uPetru wayengathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo." Umthetho nobulungiswa kwahlangatshezwana nakho kuKristu, futhi kunguthando lukaNkulunkulu esintwini. Uthando lukaNkulunkulu! "UNkulunkulu walithanda kangaka izwe!"

131 Nkulunkulu onomusa, namhlanje ekuseni, njengoba nginxusela lezizethameli, asinxuseli umthetho, asiceli noma yimuphi umthetho. Asifuni ukwahlulelwa ngokufaneleka kwabo uqobo. Angifuni ubulungiswa baKho, Nkosi. Qhabo, hhayi ukwahlulela kwaKho ukuba kuze phezu kwami; ungalokothi, Nkosi. Kodwa, nginxusa umusa waKho.

132 Wathi, "Yizweni." Kungani ngifanele ngiYizwe na? Yiyo kuphela enensindiso. UMaryiya, uJosefa, nabo bonke abanye abangcwele babengabantu abakhulu, kodwa Yena kuphela. "Muzweni." Nguye kuphela umlamuleli. Nguye kuphela umkhulumeni phakathi kukaNkulunkulu nabantu, nguKristu Jesu.

133 Kungani ngiMuzwa na? Umthetho ubungeke unginike ukuthula; Anganginika. Ubulungiswa bebungengilethele lutho, kuphela ukulahlwa. Unginikeza ukuthula nokubuyisana. Umthetho ubungangilahla, ngoba, uma ngithola ukugula, umthetho udinga ukuthi ngibe nakho kokubili, imithetho yemvelo kanye nobulungiswa bukaNkulunkulu, kwenziwa phezu kwami, ngakho-ke ngifanele ngikhokhe inhlawulo. Kodwa ngiphendulela uthando lwami namehlo ami, kulokhu ukusa, kukho kokubili umthetho nobulungiswa, futhi ngibuka uthando lukaNkulunkulu ongibuyisele emuva kuYe, ngomusa, futhi hhayi ngomthetho nangobulungiswa. Kodwa, ngokubuyisana, Wakhokha inani ukuhlanganisa umuntu noNkulunkulu, ukubenza babemunye.

134 Ngaleya eSwitzerland, kungekudala . . . Njengoba ngivala ngalokhu kuphawula. Abaningi benu bantwana esikoleni, ngiyacabanga nisenakho, okwendaba endala okungafanele neze ife. Nakuba, ifiphala namuhla, ezweni lakithi, kodwa akusoze kwafiphala eSwitzerland lapho eyenzeka khona. Niyayikhumbula esikoleni senu, konifundelayo wenu, ngo-Arnold von Winkelried, iqhawe elikhulu laseSwitzerland na? Ungalisho igama lakhe, namuhla, phezulu eSwiss Alps, futhi ubuso babo buzoba bomvu futhi izinyembezi zizogeleza ezihlathini zabo. Eminyakeni eminingi eyedlule . . .

135 AmaSwiss angabantu abathanda ukuthula. AngamaJalimane aye, emuva le emakhulwini-minyaka asekuqaleni, ehlela ezansi ezintabeni lapho kungekho khona insimbi exubene nentshe noma lutho. Kodwa bathenga . . . Babenobuhlakani bamaJalimane. AmaJalimane acabanga ukuthi awuhlanga olwahlulayo, yiqiniso, kodwa uzama ukusungula isibhamu noma ibhomu elizonqoba umhlaba

wonke ngobuhlakani bakhe. Kepha amaSwiss ayindoda ethanda ukuthula. Uyehla futhi azenzele i . . . azitholele impahla ethile, futhi enzele umakhelwane wakhe iwashi, futhi uhlale ngokuthula.

136 Khona-ke, phezulu ezintabeni eziphakeme zaseSwiss, eminyakeni eminingi eyadlula, ngenkathi bemisa umbuso wabo—wabo, noma bengingathi uhulumeni wabo, babengesiso isizwe sempi. Babeyisizwe esithanda ukuthula.

137 Futhi ngelinye ilanga, ngenkathi abahlaseli babefike ezweni labo futhi begxobagxoba yonke into ababenayo; lutho, lutho, akunandaba ukuthi babakhe ini. Bagingqa amatshe phansi kwezintaba, futhi akuzange kubakhathaze. Futhi babenempi yamaSwiss ibesekela enkundleni phansi ekugcineni kwentaba.

138 Futhi kuhle kakhulu eSwitzerland, ngibabhekisise kanjani, ukuthi balima kanjani; nasemazweni aphansi; futhi okulandelayo inkomo, bese kuthi-ke ukuqhubekela phezulu entabeni yizimvu, futhi yonke indlela esiqongweni yilapho befuya khona izimbuzi zabo.

139 Futhi ukuthi bacula kanjani njengamaSwiss ukuthi le-American Hollywood ababizwa ngabacula njengamaSwiss behlekisa ngakho, akuqhathaniseki nhlobo nakho. Ukuthi balushaya kanjani uphondo lwabo lapho inkathazo, ukuthi, futhi wonke umakhelwane bagijima ndawonye ukusiza lapho kwakunesidingo. Futhi manje sikusebenzisa njengebendi yejezi, umculo wokuzibinya. O, kuyi . . . Yeka ukungcolisa!

140 Lalelani, bangane. Ngizokwenza ukuphawula ngomphathi wami: "Uma uNkulunkulu engathumeli ngokushesha ukwahlulela kulesisizukulwane esiphingayo sabantu, Uzofanele avuse iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubashisa." Kunjalo. Impela. Ulungile, futhi akukho okunye okungenziwa ngaphandle kokuthi uNkulunkulu uzofanele akwenze. Futhi ngenkathi umusa usavule izingalo zaWo, balekelani kuWo.

141 Futhi lapho, phezulu entabeni, lapho lelibutho elincane lalihlomile ngalokho ababengakuthola, kwezihlangu, nezinduku, nokusikayo kwesaha, nakho konke ababenakho, nezimfologo zotshani. Bahlehlisela, ibutho elikhulu lasezizweni liza njengodonga oluqinile lwezitini. Babengumuntu wonke oqeqeshiwe, nemikhonto emikhulu, futhi bamasha baya phambili, bavala, behlelisela lelibutho elincane laseSwiss ngasentabeni. Babengenathemba. Konke ababekuzamile konke kwakumnyama futhi kufiphele, futhi akukho lutho okwakungabasindisa.

142 Emva kwesikhashana, phakathi kwabo, kwafika ukumemeza koyedwa, u-Arnold von Winkelried. Futhi waphuma, futhi wathi, "Bazalwane, namuhla ngifela iSwitzerland nokwenkululeko yayo." Wathi, "Siyalithanda izwe lakithi lendabuko nalokho obaba bethu abakulwelayo, nalokho

obaba bethu ababehlose ukuba sibe nakho. Futhi, namhlanje, umnotho wethu omkhulu usengcupheni. Futhi namuhla nginikela ngesihle ukuphila kwami ngenxa yeSwitzerland." Wathi, "Ngaleya, ngemuva kwentaba, kunekhaya lami elithandekayo, nonkosikazi wami omuhle onothando, nabantwana bami abancane, bangilindele ukuthi ngibuye. Kodwa," wathi, "Angeke ngiphinde ngibabone kulomhlaba." Wathi, "Namuhla, ngizofela iSwitzerland." Yena . . .

Bathi, "Uzokwenzenjani, Arnold von Winkelried na?"

143 Wathi, "Ngilandeleni. Ngizokwephula ibutho lempi. Ngizokwephula amabutho alinda inqaba. Futhi khona-ke thathani noma yini eninayo, futhi nilwe ngokukwedlula konke eningakwenza. Njengendoda yempi, yilwani ngakho konke eninakho, ngokwedlula konke eningakwenza."

144 Futhi waphakamisa izingalo zakhe, futhi waqalaza ngalapho ukusinda impela kwemikhonto kwakuza, lapho ekhuphuka. Futhi waphakamisa izingalo zakhe futhi wamemeza, "Yenzani indlela yenkululeko!" Futhi wagijima waya ngakulabo abasondela odongeni lwezitini. "Yenzani indlela yenkululeko!" wamemeza. Futhi wagijimela khona impela emikhontweni eminyene, futhi waphakamisa izingalo zakhe ngasemikhontweni, futhi wayibuthela esifubeni sakhe wayesefa. Futhi amadoda amaSwiss, lapho emlandela, nalokho ayenakho. Kwaphosa isasasa elinjalo, laze lephula ibutho labo. Wonke umuntu wayephumile endaweni; abazanga ukuthi benzeni. Futhi amaSwiss agijima angena futhi ayinqoba impi, futhi iSwitzerland ayikaze ibe nempi kusukela lapho. Kuyokhunjulwa isikhathi eside eSwitzerland, uma nje kusekhona iSwitzerland, u-Arnold von Winkelried uzokhunjulwa.

145 Kodwa, lobo ubuqhawe obumangalisayo, akukho lapho okwake kwaqhathaniswa khona, kodwa kuyinto encane, into encane nje, ngolunye usuku lapho amadodana ka-Adamu . . .

146 Lapho umthetho wawehlulekile, nalapho ubulungiswa babaprofethi babehlulekile; lapho umthetho wawubuthakathaka futhi wawungeke usindise, ngomhlatshelo wewundlu. Igazi lesilwane nomoya wesilwane wawungeke ubuye. Wehluleka. USathane wazi kangcono kunalokho. Futhi lapho ubulungiswa bukaNkulunkulu, nokho, bubizela phansi umlilo futhi ushisa amashumi amahlanu, nezahlulelo abaprofethi abazinika umhlaba, umuntu njalo njalo waqhubekela ekulahlweni. Lonke ithemba lalingasekho. UNkulunkulu wayethumele umthetho, uNkulunkulu wayethumele abaprofethi; futhi bonke behluleka. Onke amathemba lalingasekho, esintwini.

147 Ngelinye ilanga, phakathi kwezindawo zaseNkazimulweni, iNdodana kaNkulunkulu yaphuma. Yathi, "Namuhla,

Ngizohamba futhi ngiyokhulula amadodana ka-Adamu." Futhi ngenkathi Isimi ngaleya, lapho onke amathemba . . .

148 Udeveli ubeyobeka ukugula phezu kwethu, ubeyobeka isono phezu kwethu, futhi sasidingeka sisithathe; ubulungiswa bomthetho bakufuna. Futhi uma sehluleka ukwemukela umthetho, okungukuthi sonke silahlwe ngumthetho, ubulungiswa kuphela obungasetshenziswa. Ayikho indlela yokuphuma; akukho ebesingakwenza.

149 Kodwa Yathatha isinyathelo yaya phambili. INgelosi yathi, "Uzokwenzenjani na?" Yaya emhlabeni.

150 Futhi Yathi, "Manje nina, nonke nina madodana ka-Adamu, thathani konke engininika khona ukuba nilwe ngakho, futhi yilwani njengoba ningakwenza, okwedlula konke eningakwenza."

151 Futhi Akaze athole indawo ebuthakathaka, ngesayense yezenkolo, noma kumbe ukwakhiwa kwamakholiji, noma ukwakhiwa kwamabandla; kodwa Yaya lapho imikhonto wawusinda khona, yehla yadabula esigodini sethunzi lokufa. Futhi Yahlanganisa ukufa nokugula, ngezingalo zaYo, esifubeni saYo uqobo. Futhi yathumela emuva uMoya oNgcwele ngoSuku lwePhentekoste, ukubeka ezandleni zethu, nokudinga indodana ngayinye ka-Adamu ukuba ilwe njengoba singenza. Nakuba kuzohlekiswa ngawe, nakuba uzohlushwa, nakuba uzobizwa ngo "mgingqiki ongcwele," nayo yonke enye into; yilwa ngokwedlula konke ongakwenza, ngokuba ukunqoba kuqinisekisiwe. Futhi makabongwe uNkulunkulu! [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kabili—Umhl.] Isitha sixoshiwe. Amabutho aso alinda inqaba aphuliwe. Futhi uKaputeni omkhulu wensindiso yethu uholela phambili, namhlanje, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

152 O, madodana namadodakazi ka-Adamu, nihlalelani lapha nize nife na? Masivuke futhi senze okuthize. Masithathe esinakho, uma kungengaphezu kodebe olufayo olusengakwazi ukunyakaza. Masidumise uNkulunkulu. Asibonge Yena ngensindiso yethu.

153 Uma uyisoni, awusoze wazibiza uphume enkwalini yalomhlaba, ukuthi uNkulunkulu ukuqhumise wakukhipha ngeVangeli. Kodwa, yima uthule futhi uvumele uNkulunkulu akubone, ukuba akubeke eSakhiweni.

154 Uma ugula, khumbula, uJesu wakunqoba kokubili ukufa, isihogo, ukugula, ithuna, nakho konke, ngenkathi Efela wena eKalvari. Asithathe lokho esinakho kulokhu ukusa, futhi silwe ngokwedlula konke ukwazi kwethu.

155 Sisakhothamisa amakhanda ethu ezwini lomkhuleko; futhi uma ngicela udade ukuba eze futhi adlale upiyano, ihubo elithize elimnandi. Sonke sisa . . .

156 Abanengqondo, abantu abasile, niyakuthakasela, namhlanje ekuseni, ukufa kweNkosi yethu uJesu na? Amabandla enu awasoze asebenza, nakuba, emahle njengoba enjalo. Izikole zenu zizokwehluleka kalusizi, nakuba, zizinhle njengoba zinjalo. Udokotela wakho uzokwehluleka kalusizi, ekahle njengoba enjalo. Kodwa, namhlanje ekuseni, asiphendule ukubuka kwethu, asiphendule amehlo ethu asuke emithethweni yamabandla namahlelo, nehhovisi likadokotela, futhi emahle njengoba onke enjalo, futhi asizwe lelo Phimbo eliphuma eSithunzi esisisibekele namhlanje ekuseni, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni."

157 Baba waseZulwini Othandekayo, ngokuzithoba njengoba amaKristu engasondela, siyangena esikhundleni sabalahlekile nabadingayo. Thatha lamazwi, namuhla, futhi, o, Moya oNgcwele ohola iBandla, fundisa abantwana baKho kuNkulunkulu, namuhla. Abaningi kungahle ukuba bawele eceleni kwendlela, futhi abayazi indlela kaNkulunkulu nhlobo. Kade befiphele futhi benziwe babamnyama, amathemba abo lehlulekile, kodwa kwangathi bangaphinda babuke iKalvari, lapho Ubambe imicibisholo evuthayo yesitha sokufa, isitha sokugula, isitha sosizi, isitha saso sonke isintu. Futhi lapho Wawubeka esifubeni saKho, futhi wephula indlela. Futhi phansi kwedlule lesosithunzi esimnyama, kulokhu ukusa, sibona iKhaya lethu eNkazimulweni.

158 Njengoba uvon Winkelried athi, "Ngemuva kwentaba yikhaya, bangilindile ukuba ngize, kodwa angeke baphinde bangibone."

159 Kodwa, Jesu, Awuzange uthi, "Abasayikuphinde baNgibone." Wathi, "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Ngizohamba futhi ngilungise eyodwa, futhi ngize nginithathe, futhi nginemukele kiMina uqobo." Sikuhlonipha kanjani ukufa kobuqhawe kukaWinkelried; kodwa, wayengumuntu ofayo, wayengafa kuphela bese eshiya ngemuva. Kodwa Wena wafika ukuba ufe futhi uhlenge, futhi usilethele, hhayi ukusuka kwabathandiweyo bethu, kodwa siye kwabathandiweyo bethu; hhayi ukusuka emakhaya ethu, kodwa ukuya eKhaya lethu. Futhi sinqume umugqa wedlule ebumnyameni bokufa, ukuthi besingabona ngaphesheya kwesigodi lapho kubekwe khona izibusiso zikaNkulunkulu.

160 Futhi manje, namhlanje, Baba Othandekayo, uma kukhona noma yimuphi wabantwana baKho Omqhumise ngeVangeli, kusuka enkwalini yempilo, futhi ngifisa ukuba ubenze, futhi bengisika kubo kulokhu ukusa, futhi ngibagawula, ngisaha ngisusa imikhuba yabo, nokucabanga kwabo okubi, nokuhleba kwabo nokuhlubuka. Futhi manje Ufuna ukubeka futhi, futhi ubafake eSakhiweni. Uzokhuluma ezinhliziyweni zabo khona manje na?

161 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, angaba khona umntwana othize lapha, namuhla, ophambukile endleleni, noma mhlawumbe ongakaze eze endleleni na? Kodwa uyezwa, namhlanje, ukuthi ungathanda ukufakwa; ungathanda ukuba yitshe elifakwe eSakhiweni sikaNkulunkulu na? Ungasiphakamisa isandla sakho kuKristu, uthi, "Kristu, susa ukuba yizwe kwami."

162 UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfo osemncane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Omunye futhi na?

163 Manje amakhanda enu ekhotheme, njengoba silindele kuMoya oNgcwele, futhi niyazi noma ngabe wehlulekisa uNkulunkulu noma qhabo. Wehlulekile yini ukuhamba lapho uMnqobi wakho omkhulu athi, "Woza, uNgilandele. Thatha isiphambano sakho, zidele, uNgilandele. Ngizokwephula amabutho esitha. Ngizokwephula amabutho esono. Ngizokwephula amabutho okugula. Futhi wena Ngilandele futhi ulwe njengokudlula konke ongakwenza, ngokuba ngizokwenza umgodi ngalo, futhi amakhaya ethu azovikelwa kuze kube sekuPhileni okuPhakade."

164 Ngabe ungowasezizweni osukile kuNkulunkulu na? Phakamisa izandla zakho nje, oyedwa . . . UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Omunye ongakaze aziphakamise izandla zabo, kodwa baphakamisa isandla sabo. Uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, namhlanje. Ngifuna manje ukuza kuKristu. Ngi . . . " UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

165 "Ngifuna manje ukuza kuKristu, ukuba ngisikwe ngomshini waKhe. Okuthize namhlanje ekuseni kuthinte inhliziyo yami. Ngizanyazanyisiwe, phansi ngaphakathi kimi. Ngibekwe konke emuva lapha nemikhuba yezwe, ukungcola nenkucunkucu emhlabeni kwembuliwe . . . kungimbozile. Kodwa iVangeli, namuhla, lingembulile, futhi ngimi njengonecala ngaphambi kukaNkulunkulu, futhi ngiyakwazi. Futhi ngifuna uNkulunkulu angithathe njengetshe, namuhla, futhi angisike angikhiphe, futhi angiphe ukuvuma kweNkosi uJesu noMoya oNgcwele, bese engifaka eMbusweni waKhe. Ngifuna ukwembulwa namhlanje. Njengoba ngembuliwe, ngifuna ukusahwa futhi ngifakwe eMbusweni waKhe." Ningaziphakamisa izandla zenu kuYe, ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko we—wesoni na? Kulungile.

166 Kunezandla ezine noma ezinhlanu eziphakanyisiwe. Ngizakunikhulekela. Manje asinayo, mhlawumbe, indlela yokwenza ukubizela e-altare, mhlawumbe uma nje nizolinda imizuzwana embalwa nje. Ngiyahamba . . . Emva kokukhulekela abagulayo, ngifuna nina phezulu lapha, futhi. Kodwa ngizonikhulekela manje, ukuthi uNkulunkulu uzonipha okuthile okukhethekile ngalesisikhathi.

167 Baba wethu waseZulwini, kulotshiwe eZwini laKho eliNgcwele, ngokwemibhalo ngomlobi waKho, uMathewu oNgcwele, isahluko 5, ivesi lama 24, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade; akayikuza ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

168 Yizwa okuthobekile nesicelo esibuthakathaka senceku yaKho, ngalaba ngamunye ophakamise izandla zabo. Wathi, "Akekho umuntu ongeza ngaphandle uma uBaba waMi emdonsa." Futhi kade Udonsa, kulokhu ukusa, futhi bezwile, futhi baphakamise izandla zabo. "Ukukholwa kufika ngokuzwa, futhi ukuzwa iZwi." Futhi ngiyaKubonga ngabo namhlanje. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzongcwelisa lonke ikholwa. Futhi ugcwalise ngoMoya oNgcwele, labo abanezinhliziyo ezilambile, abathulule izwe balikhipha, kulokhu ukusa, futhi bafisa ukusahwa ngesaha njengetshe elifakwe eSakhiweni seNkosi. Sikucela eGameni likaKristu. Amen.

169 Anizwa nje okwehlukile na? Ngabe uMoya oNgcwele awulithathi yini iZwi likaNkulunkulu njengebhulashi lokukolobha, futhi likolobha nje kuphume izinto zezwe na? Khona-ke uzizwa umusha. Asicule lelihubo elidala elimangalisayo, kanye nje futhi, enkazimulweni kaNkulunkulu, manje. "Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli." Sonke kanye kanye manje. Kulungile.

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
> Nezoni zabhukuda ngaphansi kwethantala,
> Lisusa . . . amabala azo esono.
>
> Lisusa onke amabala azo esono,
> Lisusa onke amabala azo esono;
> Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
> Lisusa onke amabala azo esono.

170 Ngizonibuza okuthize khona manje. Bangaki ozizwa ukuthi zonke izono zenu zingaphansi kweGazi na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho. "Ngiyakholwa manje ukuthi uNkulunkulu uyangithethelela, futhi ngi—ngingumntwana waKhe." O, he!

> Manje, isela elifayo, lajabula ukubona
> Lowomthombo ngosuku lwalo.

Lalifa. Lajabula ukubona umthombo ngosuku lwalo.

> Nami mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka njengalo,
> Ngihlanze kusuke zonke izono zami.

171 Sisacula lelivesi, futhi khona-ke sishaya ikhorasi, ngifuna uxhawulane nomuntu ohlezi eduze kwakho. Uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu ongumKristu, dadewethu," noma ngabe ngubani. Manje, asiculele iNkosi

manje. Kuqala, asi—asiphakamise izandla zethu, uma singakwazi, futhi sicule, "Isela elifayo . . ." Manje, ekhorasini, bese-ke nixhawulana.

Isela elalifa lajabula ukubona . . .

Baba, siyaKudumisa manje.

. . . mbo osukwini lwalo;
Nami mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka njengalo,
Hlanza zonke izono zami.
Hlanza zonke izono zami,
Hlanze zonke izono zami;

Manje bambanani ngesandla.

Futhi lapho . . .
Hlanza zonke izono zami.

172 Sijabule kangakanani namhlanje, njengamakholwa angumKristu, njengabafo abayizakhamuzi zoMbuso, ukuthi uNkulunkulu uhlanze zonke izono zethu, futhi wasenza izidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Manje, niyajabula ngeNkosi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuyamangalisa!

173 Manje khumbulani, bangane, izinkonzo zizobuyela lapha futhi kulokhu ukuhlwa. UNkulunkulu anibusise.

174 Ngithathe isikhathi esidanyana, kulokhu ukusa, kunaleso ebengisihlosile. Nginesikhathi esinqunyelwe ukubonana khona manje, emuva kwenkonzo. Futhi ngizohlangana nabanye benu bangane abathandekayo. Angazi noma kungenzeka yini ukuthi sikuhlehlise lokho kuze kube kulokhu ukuhlwa, lapho sengibuyela izinkonzo kulobubusuku. Isizathu, nje ngi . . . bengicabange ukuthi ngizobe sengiqedile ngeleshumi nanye, futhi manje sesine . . . Bangaki abazokhulekelwa na? Masibone izandla zenu ziphakama, yonke indawo. Sinezethameli eziningi okufanele sizikhulekele.

175 Futhi nginitshele ukuthi leyondoda yamaLuthela, phezulu ngaleya, yangibhalela incwadi enjalo futhi yangilahla, futhi yathi, "Umuntu owashumayela kubantu," lokho engikwenzile, "futhi ubengathi udeveli ubengeke aphilise," nokunye nokunye. Futhi ngayiphendula nje ngobumnene engaziyo ukuthi kanjani.

176 Wabhala wangiphendula, incwadi, futhi wathi, "Ngingathanda ukuhlangana nawe kwiBusiness Men Convention."

177 Futhi nga—futhi ngacela uMfowethu Moore uma wayengayinika yini indawo. Wathi, "Yebo."

178 Futhi bangikhiphela ekholiji lamaLuthela, futhi balungisa idina lapho, lapho bonke abafundi nalabothisha. Futhi le ndoda yayiyinhloko yekholiji; yahlala eduze kwami. Futhi saba nedina ndawonye. Futhi babengamaJalimane. Futhi babene—

ne—nedina elikhulu elilungisiwe. Futhi i—amanenekazi onke ayesilindile, kanjalonjalo. Emuva kokuphela kwedina, le nhloko yekholiji lamaLuthela, yekholiji lamaLuthela, yasukuma yathi, "Mfowethu Branham, ngikukhiphele phandle lapha ngenhloso eyodwa." Yathi, "Lokho ukuthi, sifuna ukuthola uNkulunkulu embhaphathizweni kaMoya oNgcwele." Ngayibuka; ngabuka uMfowethu Moore. NoMfowethu Moore wangibuka. Yathi, "Ngikugxekile, futhi ngiyaxolisa." Yathi, "Mfowethu Branham, uqinisile, futhi ngicela ungithethelele. Futhi manje sifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Yathi, "Sibone ukukhahlela okuningi phezu kwezihlalo nokuqaqulula izinto, kodwa," yathi, "sifuna uMoya oNgcwele wangempela."

179 Ngathi, "Uyakholwa na?" Yathi . . . Ngathi, "Yini ikholiji lamaLuthela . . . Liyini ihlelo lamaLuthela na?"

180 Yathi, "Asindaba ukuthi liyini ihlelo lamaLuthela. Sifuna uKristu."

181 Futhi uBob Schuler nabo, umhleli weChristian Herald, nabo, babesanda kwemukela uMoya oNgcwele, umngani wesifuba kaBilly nabo bonke. Labo bazalwane belambele uMoya oNgcwele. Futhi khona-ke ngathi . . .

Wathi, "Ngabe UngowamaLuthela na?"

Ngathi, "Ungoka, 'Noma ngubani othandayo, makeze.'"

Wathi, "SingaWemukela kanjani na?"

Ngathi, "Niqotho ngempela na?"

182 Wathi, "Yebo, Mfowethu Branham, ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yethu."

Ngathi, "Kuthiwani ngani bafundi na?"

183 Sonke isandla saphakama, nezinyembezi zehla ezihlathini zabo. "Sifuna uJesu."

184 Ngathi, "Hlehlisani amapuleti enu. Thathani amabhentshi enu, aphusheleni odongeni." Indoda ngayinye yakwenza, yonke indlela kuzungeze. Ngathi, "Manje guqani phansi bese niphendulela ubuso benu odongeni, bese niqala ukucela uMoya oNgcwele kuNkulunkulu." Futhi ngangino Mfowethu Moore ukuba asukume futhi akhuleke. Ngahamba, ngabeka izandla kulowo nalowo, futhi bonke abafundi abangamashumi ayisikhombisa nambili, nenhloko yekholiji, bemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi bazamazamisa lelozwe enhla lapho, ngezimangaliso nokusebenza kukaNkulunkulu. Banezinkonzo zokuphulukisa nakho konke, ikholiji lamaLuthela.

185 O, bengingacula ngokuqukethwe yinhliziyo yami! Ngani na? Uma ulambile futhi womile!

186 Lo ompofu, owesifazane omncane olele lapha, obulawa ngumdlavuza, ngempela ulambile futhi womile, kulokhu ukusa,

ukuba uNkulunkulu amphulukise. Futhi kukhona abaningi benu abahlezi lapho abanenkathazo yenhliziyo. Impela. Nizofa khona manje, uma uNkulunkulu engakuphulukisi. Baningi onezinye izifwana, okuyinto embi kakhulu. Kodwa, mngane, ungabuki ubulungiswa; angeke ubukhokhele ubulungiswa. Ungabuki umthetho, ngoba umthetho angeke wagcinwa. Kodwa, bheka kuJesu kuphela, ngoba nguYe Okuhlengile. Futhi, ngokukholwa eGameni laKhe, ungasindiswa namhlanje ekuseni.

187 Futhi uma uNkulunkulu ubezothumela abefundisi bamaLuthela—bamaLuthela abangamashumi ayisikhombisa, ukushumayela iVangeli, ngombhaphathizo we. . . ngokubeka izandla. UJesu washo, ngenkathi esinikeza izimpi zethu. . . Njengo von Winkelried, wathi, "Asilwe ngalokho esinakho." Nakhu Akushoyo, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha imimoya emibi, noma amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Futhi uma inyoka ibiyobaluma, ibingeke ibalimaze. Bayobeka izandla kwabagulayo, futhi bayosinda."

188 Futhi bukani kulokho kusika okukhulu, kuthi ngqu ezweni lonke manje, iVangeli liyaqhubeka. Futhi amadodana ka-Adamu, athathe umusa weNkosi yethu uJesu Kristu, alwa indlela yawo, futhi asika umugqa ngesitha manje. Futhi sithatha nje njengoba singakwenza.

189 Futhi njengoba nina bantu abaphilile, kulokhu ukusa, enithokozela impilo enhle, khumbulani laba njengoba sibakhulekela.

190 Futhi ngizocela ukuthi abagulayo bazolayina ngaku*lolu*hlangothi, ngapha ngakwesokudla sami. Futhi uma amalunga ezoza futhi abasize, uma uthanda. Futhi ngicela abefundisi beVangeli, uma bezoma ngapha, bavale, futhi bakhuleke.

191 Khona-ke ungasuki uma ungakusiza. Sifuna ukubiza okunye ukubizela e-altare, emzuzwini nje, masinyane nje esingakwenza. Izinkonzo angeke ziqedwe, kanye nalenkonzo yokuphulukisa.

192 Manje shayani ulayini ngaku*lolu*hlangothi. Futhi sizocela uMfowethu Neville, umfowethu othandekayo kakhulu, uma ezokwenza njengoba siqhubeka ngokwejwayelekile. Uma benga. . . UNkulunkulu akubusise, sisi. Bekuyini na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela;
Kuphela be-. . .

193 Bheka ngakuyiphi indlela na? KuJesu. Odokotela behlulekile. Konke okunye kwehlulekile. Kodwa, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni." Wathini na? Wathi,

"Yizweni." Wathini na? Wathini na? "Kholwa kuphela." Ngani na? "Konke kungenzeka."

> Ungesabi, mhlambi omncane, kusukela esiphambanweni kuya esihlalweni sobukhosi,
> Wangena . . . empilweni, Wahamba yedwa vo; . . .? . . .
> Yena . . . amandla emhlabeni, wonke amandla ngaphezulu,
> Anikezwe Yena ngomhlambi wothando lwaKhe.

194 Onke amandla, ngokugula, yonke into, inikezwe Yena. O- . . . "Yizweni, 'Kholwa kuphela!'"

> . . . -ela kholwa,
> Zonke izinto . . .

195 Lapho konke kwehluleka; lapho udokotela ehluleka, lapho zonke izinto zehluleka, Wathini na? Kholwa kuphela. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

196 Amakhulu athile, ngiqagele. Abanye babo bayeza ngezihlalo ezinamasondo. Oyedwa lapha ohlakeni, khona kanye ephuzwini lokufa.

197 Abelaphi benu abathandekayo, njengamadoda asika ingxenye yomzimba, isayensi yesimo, nokubuka nokubona yonke into abangayenza, ngolwazi lwabo, bazama ukusindisa impilo, kodwa izikhathi eziningi bayehluleka.

198 Sijabula kakhulu ukuthi leliLifu elikhanya kakhulu lenkazimulo elilenga phezu kwaKhe, lathi, "Kodwa lena yiNdodana yaMi ethandekayo." Lapho umthetho wehlulekile, nobulungiswa behlulekile ukuba kuhlangatshezwe, khona-ke uNkulunkulu wathi, "Yizweni." Futhi Wathini na? "Konke kungenzeka uma kuphela ningakholwa."

Siza Wena ukungakholwa kwethu.

199 Futhi njengabefundisi beVangeli, siyahamba manje ukugcoba abagulayo, nokubeka izandla phezu kwabo, njengabantu abangcwelisiwe balelitabernakele bahlangana ndawonye ngomkhuleko. Nkulunkulu, busisa imizamo yethu, futhi uphilise abagulayo, sikucela eGameni likaJesu.

200 Namakhanda ethu ekhotheme manje emkhulekweni, futhi njengoba ibandla licula maphansi u *Kholwa kuphela*. UMfowethu Neville uzogcoba. Ngizobeka izandla phezu kwabagulayo.

201 Baba waseZulwini othandekayo, ngokusha okuvela ngemuva komsamo, lapho engimi khona phakathi kokufa nokuphila, phakathi kwesoni nokwahlulelwa . . .? . . ., ngibakhombisa indlela yokuphunyuka. Ngikuphosa emva

kwabo manje, futhi ngibeka izandla phezu kwalona wesifazane ogulayo. Futhi njengoba abathandekayo bema, bebuka kuye. Ayikho neyodwa into engasiza manje kodwa nguWe. Ngibeka izandla phezu kwakhe, njengoba Ubagcobile . . .

*Isimo Sobuntwana Sokomoya* ZUL56-0923
(Spiritual Adoption)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoSeptemba 23, 1956, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

